INKULUMO KAMEYA WASETHEKWINI UKHANSELA CYRIL XABA ENKONZWENI YOKUFIHLA UKHANSELA SIBUSISO KHWELA, 15 AUGUST 2026

- Mphathi Wohlelo
- Mndeni wakwaKhwela,
- Usekela Nobhala wokuQala kaKhongolose: u-Cde Nomvula Mokonyane
- UsoMlomo woMkhandlu u-Khansela Thabani Nyawose
- UsoTswebhu woMkhandlu u-Khansela Sinegugu Sishange
- Ubuholi be COSATU neSANCO
- ANCWL, ANCYL, ANCVL
- Abefundisi,
- Abaholi bezinhlaka ezahlukene zomphakathi,
- Amakhansela
- Amavolontiya kaKhongolose,
- Izihlobo nabangani,
- Abasebenzi bakahulumeni
- Mphakathi wakuWard 17 naseThekwini lonkana,

Ngiyanibingelela nonke ngokwezigaba zenu egameni elihle loMfeli wethu uJesu Kristu.

Namuhla sihlangene lapha ukuzobungaza impilo yeqhawe, umfowethu, ubaba, kanye nelungu eliqavile lombutho wesizwe uKhongolose, u-Cde Sibusiso Khwela.

U-Comrade Khekhe, okuyigama abedume ngalo, usebenzele umphakathi wase-Ward 17 ngokuzikhandla njengeKhansela.

Ngifisa ukusho ukuthi, yize sihlangene lapha ngaphansi kobuhlungu obukhulu, kodwa akumele sivumele lobu buhlungu busenze singakwazi ukubonga uNkulunkulu ngokusiboleka leli qhawe. Kusibusise kakhulu ukuba nethuba lokuphila nomholi ofana noBaba uKhwela.

Bakwethu, akukho esingakwenza manje, ngoba konke lokhu kuyintando kaNkulunkulu. Njengoba iNcwadi eNgcwele, kwabaseRoma 14:8, ithi:

“Ngokuba uma siphila, siphilela iNkosi; uma sifa, sifela eNkosini. Ngakho-ke noma siphila noma sifa, singabeNkosi.”

Kuyintando kaNkulunkulu konke okwenzekayo, futhi uMdali uyihlelile indlela yempilo yethu sonke.

Bazalwane, siyiTheku kanye nesifundazwe saKwaZulu-Natal, sidlule esikhathini esinzima kakhulu sezimpi nodlame olwalukhungethe yonke imiphakathi yethu. Lokhu kwaholela ekutheni abaholi abafana noKhwela bathathe isinqumo sokushiya lelizwe baye koqeqeshwa ngaphandle ukuze bavikele umzabalazo wenkululeko.

Kuyasikhathaza kakhulu ukuthi, ngemuva kokuphumelela kwakhe ekulweni nohulumeni wobandlululo kanye nazo zonke izinselelo abhekana nazo ngesikhathi esengaphandle, uKhwela usehamba kabuhlungu kangaka ngesikhathi lapho sesikhululekile.

Siyathemba ukuthi amaphoyisa azosebenza ngokuzikhandla, hhayi nje ukuthola lowo ogile lesi sehlo, kodwa sifuna kutholakale bonke abantu

abahlelele ukuthi uKhwela adlule emhlabeni ngalendlela ebuhlungu kangaka.

Sinxusa nomphakathi ukuthi noma ngubani onolwazi ngalesi sigameko aludlulisele emaphoyiseni ukuze uphenyo lusheshe futhi abenzi bobubi babhekane nengalo yomthetho.

Bakwethu, besesithi sesalivala leli khasi lokubulawa kwabaholi bomphakathi. Okusiphatha kabi kakhulu ukuthi lezi zigameko zifaka uvalo nakwabanye abaholi bomphakathi, abazogcina sebenokungabaza ukusebenzela imiphakathi yabo ngoba besabela izimpilo zabo.

Bakwethu, uKhwela simazi sonke ukuthi ubewuthanda umsebenzi wakhe. Ubengomunye wamaKhansela abebamba iqhaza elibonakalayo emphakathini. Lokhu kufakazelwa yisililo esafika sikhona lapha ngesikhathi kwenzeka lesi sehlo. Umphakathi wakhala ngokulahlekelwa umholi oqotho, ozinikele futhi obewusebenzela ngokuzikhandla.

Ngisho nasekomidini ayekulo elibhekele imisebenzi yomphakathi, eliphethwe u-Cde Zama Sokhabase, ubedlala indima ebonakalayo.

Wayekhathazeka kakhulu ngokuthi umphakathi waseThekwini ube nengqalasizinda efanele yezemidlalo, ezobuciko, imitapo yolwazi, nemitholamilo namahholo omphakathi .

Yize uKhwela wayesethathe isinqumo sokuthi angeke aphinde angenele elinye ihlandla lokuba yiKhansela, ubezoba yisibonelo esihle kumaKhansela alandelayo.

Futhi wayezoba yisibonelo esicacile sokuthi uma i-ANC ikhuluma nge-**Renewal**, isuke ikhuluma ngani. Wayenezimpawu zonke ezidingwa yilungu le-ANC kulesi sikhathi sokuvuselelwa kombutho.

Lapha sikhuluma ngamalungu angazihlanganisi nezenzo zobugebengu nenkohlakalo. Sikhuluma ngabantu ababeka izidingo zomphakathi ngaphambi kwezabo kanye nezemindeni yabo.

Sifuna abaholi bomphakathi esibabona ngisho behamba sikwazi ukusho ukuthi: lona ungumholi oqotho, ozinikele futhi osebenzela abantu.

Indlela efanele esingamhlonipha ngayo uKhwela manje ukuthi siqinisekise ukuthi leli Wadi liyaqhubeka liphethwe yi-African National Congress, umbutho akhulela kuwo nowamfundisa ukuthi asebenzele ukwenza izimpilo zabanye abantu zibe ngcono.

NjengoMkhandlu weTheku, sifisa ukudlulisa amazwi enduduzo emndenini wakwaKhwela, kumaKhansela, embuthweni wonke, komakhelwane, eWadini abeyiphethe, kanye nakuzo zonke izakhamuzi zaseThekwini ngokulahlekelwa yileli qhawe.

Siyabonga kakhulu emndenini wakwaKhwela ngokusipha isikhathi sokuba no-Cde Khekhe nokusivumela ukuba sibe yingxenye yempilo yakhe.

Siyaziqhenya kakhulu ngamagalelo akhe, futhi sifisa ukuthi nomndeni uzigqaje ngaye futhi uthole induduzo ngokwazi ukuthi leli sosha lifele emsebenzini walo, lisebenzela impilo engcono yomphakathi.

Bakwethu, siqegeme ingozi enkulu, kodwa siyathemba ukuthi uNkulunkulu uzosipholisa lamanxeba, asinike amandla, asiduduze, futhi aqhubeke ewududuza umndeni wakwaKhwela.

Lala ngokuthula, Cde Khekhe.

Siyohlala siwakhumbula amagalelo akho.

Ngiyabonga!